



## INQUBOMGOMO YOLIMI

|   |  |
|---|--|
| <b>Inombolo yomqulu</b>                           | <b>9P/9.2.2.4</b>  |
| <b>Umgcini/Isikhulu esiphezulu<br/>esibhekile</b> | <b>Urejistra</b>   |
| <b>Ukuma kwayo</b>                                | <b>Ivunyiwe</b>  |
| <b>Ivunyiwe yi</b>                                | <b>Nhlangano</b>   |
| <b>Usuku lokuvunywa</b>                           | <b>2006</b>  |
| <b>Izichibiyelo</b>                               | <b>Ichibiyelwe ngokuhambelana<br/>nomthetho omusha, imikhuba<br/>namathuba amayelana nemigomo<br/>yase-UJ yokuthuthukisa ubuliminingi.</b> |
| <b>Izinsuku zokuchibiyela</b>                     | <b>2014 – ivunyiwe yiNhlangano 3<br/>kuNdasa 2014</b>  |
| <b>Usuku lokubuyekeza</b>                         | <b>2019</b>  |

### Imiqulu ehambisana nayo

| <b>Imiqulu yase-UJ</b><br>(isib. Izinqubomgomo, imigomo,<br>imihlahlandlela, izikontileka)   | <b>Eminye</b><br>(isib. Imithetho, DoE ne-HEQC iziqondiso,<br>nemihlahlandlela)  |
|--|--|
| <ul style="list-style-type: none"> <li>• <b>Umbono, umsebenzi<br/>namagugu; ase-UJ</b></li> <li>• <b>Umthetho wase-UJ wesikhungo,<br/>2012</b></li> <li>• <b>Uhlelo nezinkolelo zezemfundo<br/>nocwaningo;</b></li> <li>• <b>Ukuhehwa kwabafundi<br/>nenqubomgomo yokukhetha;</b></li> <li>• <b>Amasu okuheha;</b></li> <li>• <b>Inqubomgomo Yokufundisa<br/>Nokufunda;</b></li> <li>• <b>Inqubomgomo Yokuphatha<br/>Ngokuyikhwalithi;</b></li> <li>• <b>Inqubomgomo Yohlelo;<br/>Inqubomgomo Yokuhlola</b></li> <li>• <b>Inqubomgomo Yeziq<br/>Eziphakeme kanye Nezifundo<br/>Ezingaphezulu Kweziq</b></li> </ul> | <ul style="list-style-type: none"> <li>• <b>Umthetho womthethosisekelo<br/>WaseNingizimu Afrika (Umthetho<br/>108 we-1996);</b></li> <li>• <b>Umthetho Wokugunyazwa Kweziq<br/>zaseNingizimu Afrika (SAQA)<br/>(Umthetho wama- 58 we-1995);</b></li> <li>• <b>Umthetho Wemfundu Ephakeme<br/>(Umthetho we-101 we-1997);</b></li> <li>• <b>Umthetho Wenqubomgomo<br/>Yemfundu Kazwelone (Umthetho<br/>wama- 27 we-1996);</b></li> <li>• <b>Umthetho wokusetshenziswa<br/>kwezilimi ezipemthethweni, 2012<br/>(Umthetho we-12 wezi- 2012);</b> <ul style="list-style-type: none"> <li>• <b>Umnyango Wezemfundu: Uhlelo<br/>Lukazwelone Lwemfundu<br/>Ephakeme ENingizimu Afrika:<br/>Nhlanja 2001;</b></li> <li>• <b>Umnyango Wezemfundu:</b></li> </ul> </li> </ul> |

|  |  |
|--|--|
| <b>Zokuqala;</b><br><ul style="list-style-type: none"> <li>• Inqubomgomo Yokwemukela.</li> </ul> | <b>Inqubomgomo Yezilimi Zemfundu Ephakeme 2003;</b><br><ul style="list-style-type: none"> <li>• <b>Ukuthuthukiswa Kwezilimi Zomdabu zase-Afrika njengezilimi zokufundisa emfundweni ephakeme 2003;</b></li> <li>• <b>Uhlakana Lweziyu Zemfundu Ephakeme (HEQSF): Umqulu kaHulumeni Vol. 578, Ncwaba 2013;</b></li> <li>• <b>Umnyango Wezemfundu: Uhlaka Lwenqubomgomo Yemfundu Ephakeme: Ncwaba 2005;</b></li> <li>• <b>Izidingo Ezilingene Zokwamukelwa: Umqulu kaHulumeni, we-27961, Ncwaba 2005.</b></li> </ul> |
| <b>Ababambiqhaza abathintekayo yilo mqulu (izimpiko nezigaba okufanele ziwazi):</b>              | <ul style="list-style-type: none"> <li>• Amalungu eNhlangano;</li> <li>• Bonke abasebenzi benyuvesi;</li> <li>• Abafundi;</li> <li>• <b>Ababambiqhaza bangaphandle (isib. izihambeli, izikole, abafundi abalindelekile.</b></li> </ul>   |
| <b>Ikheli lewebhsayithi yalo mqulu:</b>  | <b>I-inthranethi</b>   |

## OKUQUKETHWE

|                                     |          |
|-------------------------------------|----------|
| <b>1. ISANDULELO</b>                | <b>4</b> |
| <b>2. IMIGOMO YENQUBOMGOMO</b>      | <b>4</b> |
| <b>3. IMINGCELE YOKUSEBENZA</b>     | <b>4</b> |
| <b>4. IZIFINYEZO NEZINCAZELO</b>    | <b>4</b> |
| <b>5. IMITHETHO</b>                 | <b>5</b> |
| <b>6. ISITATIMENDE SENQUBOMGOMO</b> | <b>5</b> |
| <b>7. UKUHLOLA</b>                  | <b>7</b> |
| <b>8. UKUBUYEKEZA</b>               | <b>7</b> |

## INQUBOMGOMO YOLIMI

### 1. ISANDULELO

Inqubomgomo yolimi Yenyuvesi Yase-Johannesburg ilandela isigaba 27(2) soMthetho Wemfundo Ephakeme (1997) edinga ukuthi izikhungo zemfundu ephakeme zithuthukise zibuye zisakaze inqubomgomo yolimi. I-UJ izibophezele kunkolelo yobuliminingi lapho ukwehlukahlukana esifundazweni iGauteng ngezilimi kubonakala khona nokubekwa kwemibandela yokweseka ukufundisa okunempumelelo, izifundo ezakhayo nezizwakala kahle kanye nesikhungo esisebenzayo kwezokuphatha nezokuxhumana.

### 2. IMIGOMO YENQUBOMGOMO

Inqubomgomo Yolimi ihambisana nemithetho yenqubomgomo yezilimi ezine ezisemqoka njengoba kuchazwe kunqubomgomo Yolimi Yemfundo Ephakeme (LPHE) (2002):

- 2.1 ukuchazwa kwezilimi zokufundisa;
- 2.2 ikusasa lezilimi zomdabu njengemikhakha yokufunda nokucwaninga kwezemfundu nesidingo semfundu ephakeme sokwakha "isizinda sobuliminingi lapho zonke izilimi zethu zizothuthukiswa khona njengezilimi zokufunda/zesayensi" (isig. 6);
- 2.3 ukuqhubevisa ukufunda ngezilimi zangaphandle (isig. 17.1);
- 2.4 nokuqhubevisa imikhuba nezinqubomgomo zobuliminingi zesikhungo.

### 3. IMINGCELE YOKUSEBENZA

Le nqubomgomo ingasetshenziswa esikhungweni sonke ngobubanzi baso.

### 4. IZIFINYEZO NEZINCAZELO

|   |   |
|---|---|
| Izilimi zabomdabu zase-Afrika                               | IsiNdebele, isiXhosa, isiZulu, Sesotho, SeSotho sa Leboa, Setswana, SiSwati, TshiVenda, XiTsonga. ( <i>Inqubomgomo Yolimi Emfundweni Ephakeme, 2002</i> )   |
| Ulimi lokukhulumo oluyisisekelo Iwasemsebenzini             | Ikhono lokuxoxa ngolimi olungekho emthethweni emsebenzini othize.   |
| Ukukhulumo ngokuntuluza                                     | Ikhono lokuxoxisana ngolimi olungekho emthethweni.  |
| Izilimi zangaphandle  | Ifaka, ibe ingabeki mkhawulo, ezilimini ezivame ukusetshenziswa imiphakathi yaseNingizimu Afrika, ezinjengesiJalimanane, isiGriki, isiPhuthukezi, isiFulentshi nesiHindi. ( <i>Inqubomgomo Yolimi Emfundweni Ephakeme, 2002</i> ) |
| Ubuliminingi obusebenzayo <b>Functional multilingualism</b> | Ukukhethwa kolimi esimweni esithize nangokuya ngesimo, okusho ukuthi umsebenzi, izethameli nomlayezo osetshenziselwa lona.  |
| i-LPHE  | Inqubomgomo Yolimi Emfundweni   |

|                            |   |
|----------------------------|---|
|                            | Ephakeme, (2002)  |
| Ubuliminingi               | Ukusebenzisa izilimi eziningana ngabanye noma ngeqembu.   |
| Isikhulumi solimi lokuqala | Isikhulumi solimi lwebele.  |
| Izilimi zase-UJ eziqokiwe  | iSisuthu saseLeboa, isiNgisi, isiZulu, nesiBhunu.<br><i>(Umthetho wase-UJ wesikhungo, 2012)</i> |

## 5. IMITHETHO

Inqubomgommo Yolimi yase-UJ isekwe emthethweni womthethosisekelo waseNingizimu Afrika (Umthetho 108 we-1996), Umthetho Wemfundo Ephakeme (Umthetho 101 we-1997), inqubomgommo Yolimi Yemfundo Ephakeme (2003), Umthetho Wokusetshenziswa Kwezilimi Ezisemthethweni, 2012 (Umthetho 12 wezi-2012), Umthetho wase-UJ wesikhungo (2012) nombono wenyuvesi yase-Johannesburg, umsebenzi nemigomo namasu okufinyelela izinhloso nemigomo.

Inqubomgommo Yolimi isekwe phezu kwemithetho elandelayo:

### 5.1 Ukwaziwa:

- 5.1.1 kwesimo sesifunda saseGauteng esinothe ngobuliminingi;
- 5.1.2 komqondo wobuliminingi obusebenzayo lapho ukukhetha ukusebenzisa ulimi oluthile kuvezwa izimo ezahlukene njengenhloso nesimo sokusetshenziswa kolimi nokuxhumana.
- 5.1.3 izinhlu zobuliminingi zabafundi nabafundisi njengezinsiza zokufundisa nokufunda okuyimpumelelo;
- 5.1.4 indima ebalulekile yolimi ukuqhubeKisa isithunzi somuntu nenqubo yenguuko edingekayo ukwakha idemokhrasi ekhululekile nenobulungisa;
- 5.1.5 isidingo sokuqhubeKisa umoya wenhloniphо nokuhlanganisa ezindabeni ezimayelana nolimi;
- 5.1.6 isidingo sokuthuthukisa nokufunda izilimi zomdabu zase-Afrika njengemikhakha yokufunda.

## 6. ISITATIMENDE SENQUBOMGOMO

### 6.1 Izilimi eziqokiwe:

Ngokubuka isimo sendawo yenyuvesi nokukhombisa ukuzibophezelwa kwethu ekuqhubeKiseni ubuliminingi esimweni semfundo ephakeme, iSisuthu saseLeboa, isiNgisi, isiZulu nesiBhunu ziqokwe njengezilimi zokuqala (i-Athikili 9, Umthetho wase-UJ wesikhungo, 2012). Ukusetshenziswa kwalezi zilimi yisikhungo kuzoholwa umthetho wobuliminingi obusebenzayo njengoba kugcizelelwa kuhlelo lokusebenzisa iNqubomgommo Yolimi.

### 6.2 Izilimi zokufundisa:

- 6.2.1 Wonke amamojuli nezinhlelo ezivuniwe zifundiswa ngesiNgisi kanti lapho, kwenzeka khona kuzofundiswa nangalezi ezinye ezintathu izilimi ezikhethiwe.
- 6.2.2 I-UJ izolandela izindlela ezibanzi ukuqinisekisa ukuthi abafundi bayafunda izifundo zemibhalo zesiNgisi ukwenza ukuthi isiNgisi sibe isisetshenziswa sokufundisa nokufunda, nokusebenza okusemthethweni.

- 6.3 Izilimi ezisebenzayo:
- 6.3.1 IsiNgisi ulimi lokuqala lokubusa, lokuphatha nelokukhangisa ngokuxhumana ngaphakathi ngangaphandle.
  - 6.3.2 Ukusetshenziswa kwalezi ezinye izilimi ezintathu eziqokiwe kulezi zindawo kuzoqhutshekiswa ngendlela okungenzeka ngayo kubhekwe izethameli ezhlosiwe, nokutholakala kwezinsiza ezingabantu nezinye ezingaba usizo.
  - 6.3.3 Ukusetshenziswa kwanoma yiziphi izilimi akufanele kube isithyo sokubamba iqhaza ekubusweni okusemthethweni kwesikhungo nokuxhumana.
  - 6.3.4 Inyuvesi izibophezele ekuqhubekiseni ukuqwashisa ngobuliminingi nokuba nendlela enhle yokuphatha izilimi kubafundi nakubafundisi bayo. Izindlela zokuthuthukisa lokhu kuqwashisa njengoba kubekiwe kuhlelo lokusetshenziswa kwenqubomgomo Yolimi kuzokwenzeka kanjalo.
  - 6.3.5 Isizinda sezilimi enyuvesi sizokweseka imithetho yobuliminingi yesikhungo. Izindlela, kufaka nezimpawu zobuliminingi zizocaciswa ohlelwani lokusetshenziswa kwenqubomgomo Yolimi ngokuhambelana nomqondo wobuliminingi obusebenzayo.
- 6.4 Ikusasa lezilimi eziqokiwe:
- 6.4.1 Kuzobekwa imibandela yokugcizelela/yokufundisa okuhlelekile okuqhubekayo kwesiZulu, iSisuthu saseLeboa nokuqhubeka nokugcizelela isiBhunu njengolimi lwemfundu nesayensi.
  - 6.4.2 Amasu nezindlela zokweseka ukugcizelela/ukufundisa okuhlelekile okuqhubekayo zizofakwa kuhlelo lokusetshenziswa kwenqubomgomo Yolimi. Lokhu kufaka nokuthuthukisa okuhlelekile kwezinhlu zamagama assetshenziswayo emkhakheni ngamunye nokuguqulela ezilimini eziqokiwe zemisebenzi enentshisekelo yesayensi nemibhalo nezincwadi ezinhlelweni/emamojulini abekwe phambili.
- 6.5 Izilimi zangaphandle:
- 6.5.1 Kuzokhuthazwa ukufundwa kwezilimi zangaphandle njengezfundo, ikakhulu lezo zilimi ezibalulekile ekuqhubekiseni ukuhlangana ngamasiko, ngezohwebo nezobunxusa eNingizimu Afrika nezilimi ezivamise ukusetshenziswa umphakathi esifundeni.
- 6.6 Umfundu okhuluma ulimi lokuqala okuyinoma yiluphi kweziqokwe e-UJ ngaphandle kwesiNgisi uzosizwa ngale ndlela elandelayo uma kunesidingo noma kungenzeka kunoma yiluphi ulimi kwezintathu:
- 6.6.1 uzohlinzekwa ngolwazi oluyisisekelo ngemojuli, njengesikhathi sokufunda nesokuhlolwa;
  - 6.6.2 anikezwe usizo lokuqonda amarekhodi ezifundo nolwazi kwezokuphatha.
  - 6.7 Iziqo eziholela emisebenzini edinga amakhono okuhlangana ngemisebenzi ngolunye Iwezilimi zabomdabu IwaseNingizimu Afrika zisizwa ngokuntuluza olimini lokukhuluma oluyisisekelo Iwasemsebenzini okungenani olimini olulodwa Iwase-UJ oluqokiwe (ngaphandle kwesiNgisi) ngokuvuma kwebhdii yefakhalithi efanele.
  - 6.8 I-UJ inoPhiko IweziLimi olweseka ngokuhlanganyela namafakhalithi nezigaba. Ukubika koPhiko IweziLimi kuncike kuKomiti Labaphathi abayiziphathimandla.
  - 6.9 Inyuvesi inikeza abafundisi nabafundi amathuba okufunda ulimi lokuxoxisana ngokuntuluza ezilimini ezine eziqokiwe e-UJ.

6.10 Ukusetshenziswa kwenqubomgommo Yolimi kuhambelana nohlelo lokusetshenziswa kwezilimi Iwase-UJ olukhombisa amasu acacile okuqhube kisa ubuliminingi.

## **7. UKUHLOLA**

Imibiko eqhubekayo yokusetshenziswa kwenqubomgommo Yolimi ibhekwa yiKomiti labaphathi abayiziphathimandla, inhlango yesikhungo, iSigele kanye neNhlango.

## **8. UKUBUYEKEZA**

Inqubomgommo yolimi izobukezwa okungenani emva kweminyaka emihlanu.